

dube tradePORT

SOUTHERN AFRICA'S PREMIER
AIR LOGISTICS PLATFORM

16 527

AMATHUBA OMSEBENZI AVELILE SUKELA NGO 2007

UHLELO LOKUQEQESHELA UMUNTU EMSEBENZINI, ISIKHASHANA ESINQUNYIWE DUBE TRADEPORT CORPORATION - BAKHANDA AMATHUBA OKUFUNDA NOKUTHUTHUKISA AMAKHONO.

ABANEZIQU ABANGABA NGU-600 000 EMZANSI AFRIKA KUBIKWA UKUTHI ABAKWAZANGA UKUTHOLA IMISEBENZI NGO-2012.

Leliqiniso elihlabayo ngesimo lichaza ukuthi inani elikhulu lentsha yaleli zwe efunde kahle – ikusasa leNingizimu Afrika- alikwazanga ukugcwalisa izinhloso zemali eliyitshale emfundweni, okuqinisekisa ukuthi kunegebe phakathi kwenyuvesi nalokho okulindeleke emsebenzini.

Kuyinhloso ye-Dube TradePort Corporation manje ukuthi babambe iqhaza elibonakalayo ngaphandle kokucelwa ekusizeni ngokwakha ibhuloho ngokunikeza abaneziqu abakhethiwe amathuba ahlukahlukene okufunda nokuthuthukisa amakhono ukuze bafakwe emdibini wasemsebenzini.

I-DUBETRADEPORT CORPORATION INIKEZA:

1. Ngohlelo lokufunda okuhlangenwe nakho
2. Ngohlelo lokulekelela ngezimali: Imifundaze Yobunjiniyela
3. Ngezinhlelo zokuqeqeshelwa emsebenzini

UHLELO LOKUFUNDA OKUHLANGENWE NAKHO:
Uhlelo lokufunda okuhlangenwe nakho lwakhiwe inhlanganisela yemfundo esebhukwini nokufunda ngokwenza endaweni 'yangempela'. Abafundi bafakwa emdibini womsebenzi wangempela zisuka nje bese benikezwa imiyalelo yolwazi lwencwadi, ukubukela okwenziwa emsebenzini kanye nokuqeqeshelwa emsebenzini.

IMIKHAKHA YOKUFUNDA OKUHLANGENWE NAKHO:
Izindawo zoku lima ze Qutom – Dube AgriZone
Amapulazi e-Qutom asebenzisa Amagreenhouse engama-hekthare angu-12 lapho kulinywa khona utamatisi, amakhukhamba, kanye nophepha obomvu nophuzi.

I-Dube AgriLab – Dube AgriZone
I-Dube AgriLab iyimboni yesimanje ngokwezinga eliphezulu yokukhiqiza izicutshana ezincane zezitshalo kanti iyingxenye ehlangene neDube AgriZone. Imboni yezicutshana zezitshalo iyakwazi ukunakekela izidingo zabatshala izimbali nabatshala izitshalo ezidliwayo khona ngaphakathi kweDube AgriZone.

Isivande sokukhulisa izithombo zezihlahla – Dube AgriZone
Isivande seDube TradePort sokukhulisa izithombo zezihlahla sineshede elinezinkanjana, indawo yokubukisa, indawo yokukhanda kanye nomhume wokuswakamisa.

Sisetshenziselwa ukwandiswa kwezihlahla zemvelo, ukulungiswa kokwehlela kwendawo, nokunakekela izindawo ezithile ezilungiswe ukwehlela kulendawo eklanyelwe ezolimo kuphela.

UHLELO LWEZOKWELEKELELA NGEZIMALI:
Isikhwama semifundaze yobunjiniyela
Njengoba umbono wesikhathi esizayo weDube TradePort Corporation usucacile kanti futhi lenhlangano isingene shi ekwenabiseni izindawo esebenza ngazo ngokomqondo wengqalasizinda, iyaqaphela ukuthi onjiniyela abafundile bayadingeka.

I-Dube TradePort Corporation isiqalise uhlelo lomfundaze osahlolwa okuhloswe ngawo ukusiza ekusingatheni ukuntuleka okusakazeke nezwe lonke kochwepheshe abangonjiniyela.

Loluhlobo lomsebenzi lufuna ukuthi umuntu athole iziqu zeminyaka emine, okuyisenzakalo esidinga imali eningi okuyileso ngokohlobo lwaso esivimbela abaningi abafundi abanomlando wokuba hlwempu ukuthi bakwazi ukufundela leziziqu zemfundo.

Le nhlangano isungule loluhlelo lokuhlola ngo-2013 ngokukhetha inani labafundi baseNyuvesi yakwaZulu-Natali ukuba bahlanganyele kulo. I-Dube TradePort Corporation izimisele ukukhulisa uhlelo lwayo lwemifundaze ngo-2014 ibe ihlose ukusiza abaningi ngokwengeziwe abafundi abakufanelekele abavela ndawo zombili zamaqoqo obunjiniyela aseNyuvesi yakwaZulu Natali naseDurban University of Technology.

IKUSASA LAKHO LIQALA LAPHA… ZIXHUMANISE NOHLELO LOKUQEQESHELWA EMSEBENZINI LWASE DUBE TRADEPORT CORPORATION

I-Dube TradePort Corporation (DTPC) izibophezele ekuvezeni imisebenzi, ukuthuthukiswa kwentsha namakhono eNingizimu Afrika. Sinikeza abaneziqu amathuba okuthola okuhlangenwe nakho emsebenzini ukuze bagwalisele kulokho asebekufundile. Uhlelo lwethu lokuqeqeshelwa emsebenzini luhloselwe labo asebesondele ukuqeda izifundo zabo nasebeqedile. Abaneziqu ababuthiwe bayofakwa enzindaweni ezinokusekelwa ukuze bathuthuke ngokuqhubekayo.



UHLELO LOKUQEQESHELWA EMSEBENZINI:
Abaqeqeshwayo bayofakwa ngaphansi kokufundiswa ngaphakathi enhlanganweni ukubalungiselela ukungenela iqophelo lasemsebenzini, bebe benikezwa amakhono okuba ngabakwazi kahle ukusebenza kanye nezisebenzi ezingathenjelwa. Bonke abaqeqeshwa bayofundela eDube TradePort e-La Mercy eseThekwini, KwaZulu Natali.

Uhlelo lwethu lokuqeqeshela emsebenzini lunikeza Abaqeqeshwayo ithuba lokukhuphula ulwazi lwabo kulezi kulemikhaka ezilandelayo:

- Ukugcinwa kwamabhuku okuphathwa kwezimali;
- Izivumelwano nokusebenza ngokuzilandela;
- Ukulawulwa kweketanga lokwenziwa nokuhanjiswa kwezimpahla ezidingwa ngabathengi;
- Ukulawula ubuNgozi neZinga lokuPhepha neMpilo eNdaweni okusetshenzelwa kuyo (NZPMN);
- Ukuphathwa kwezindaba zezisebenzi;
- Ukudayisa;
- Ukulawula iziko lezici zolwazi nokuxhumanisa amakhompiyutha;
- Ukunakekela izinto nendawo okusetshenzelwa kuyo;
- Ukutshala nokuhlela izimbali;
- INzululwazi yeZokulima/Ubunjiniyela;
- Indlu yokuhlolela ukukhiqizwa kwezicutshana ezincane zezitshalo;
- Izinga lokuhlanzeka nokuphepha kwamanzi;
- Ukuthuthukiswa kwendawo/Ukuhlelela ukwakha idolobha;
- Ukulawula ukuphathwa nokuvikelwa kwendawo ezungezile;
- Ukuklama amanani ezinto ezizosetshenziswa;
- Ukudweba amapulani; kanye
- Indawo eyakhiwe/Ubunjiniyela bokuphatha indawo yomphakathi.

INDLELA YETHU YOKU KHETHA
ukuze ukufanelekele ukufakwa ohlelweni lokuqeqeshela emsebenzini, udinga ukuba:

- Usuziqedile noma uqedela izifundo zeziqu zokuqala noma ezingaphezu kwezokuqala ekufundeleni I;
- Awunako okuhlangenwe nakho kulomkhakha wemfundo;
- Nesimo sengqondo esikahle, ikhono elihle lokukhulumisana, umuntu oqhutshwa ukubona imiphumela, onogqozi kanye nokuzimisela ukufunda; kanye
- Ikhono lokuqala lokusebenzisa ikhompiyutha.

3UHLELO LOKUBUTHWA KWABAZOQEQESHELWA EMSEBENZINI

I-DTPC IYOBUTHA ABAQEQESHWA EZIZINDENI ZEMFUNDO ESIFUNDAZWENI SAKWAZULU NATALI. BHEKA UKWAZISWA OKWENGEZIWE EMABALENI ENYUVESI NOMA EHHOVISI LEMISEBENZI LASESIKHUNGWENI SAKHO.

IMIBUZO EVAME UKUBUZWA

Umbuzo: Yini okufanele ngibe nayo ukuze ngicatshangelwe ohlelweni lokuqeqeshelwa emsebenzini lweDube TradePort Corporation?
Impendulo: Kufanele ukuthi usuziqedile noma uqedela izifundo zeziqu zokuqala noma ezingenhla kwezokuqala futhi ube yisakhamuzi saseNingizimu Afrika. Inqubo enemicikilisho eminingi yokuhlunga izolandelwa, kuhlanganise izingxoxo noma kungagcini lapho kuphela, kanye nezivivinyo zokwazi okudingekayo.

Umbuzo: Yiziphi Izinhlobo zokuthuthukiswa engizoba ku zona ngesikhathi ngiqeqeshelwa emsebenzini?
Impendulo: Bonke ababuthelwe ukuqeqeshwa bazofundiswa ngokomsebenzi abawenziswayo. Kuyoba khona isivumelwano esisayiniwe sokufunda (Isivumelwano sokukhonjiswa umsebenzi nokuthi umsebenzi wenzeka kahle yini) Phakathi komphathi nomqeqeshwa ukuze kuqinisekiswe ukuthi abaqeqeshwa bathuthukiswa ngokwemisebenzi abayenziswayo nezimfuneko zokukwazi ukuwenza lowomsebenzi.

Umbuzo: Kuthatha isikhathi esingakanani ukuba soHlelweni lokuQeqeshelwa eMsebenzini, futhi kwenzekani emva kokuqeda?
Impendulo: Uhlelo lokuqeqeshelwa emsebenzini luthatha izinyanga ezingu-12 (isikhathi esingaphezu kwalokho singaba yizinyanga ezingu-24). Ukuqashwa ngokugcwele emva kohlelo akuqinisekisiwe.

Umbuzo: Ingabe ngiyofanelekela ilivu?
Impendulo: Abaqeqeshwa bafanelekela ilivu eyizinhlobo ezithile.

NGINGASIFAKA KANJANI ISICELO SOKUCATSHANGELWA?

ISINYATHELO 1: Yana engosini yethu: www.dubetradeport.co.za/careeropportunities bese uthola futhi ifomu lokwenza isicelo. Noma ungayolithatha ehhovisi lemisebenzi esikhungweni ofunda kuso.

ISINYATHELO 2: Ligcwalise ifomu bese ufaka kulona lokhu okulandelayo:

- Iphepha elinemininingwane nomlando wakho (CV)
- Ikhophi kamazisi efakazelwe emaphoyiseni
- Umlando wazo zonke izifundo zeziqu, osuwaphumelela kuzo

ISINYATHELO 3: Thumela isicelo nge-email ku careers@dubetradeport.co.za noma siyise ezikweni lemisebenzi esikhungweni ofunda kuso.

Zonke izicelo kufanele zithumelwe nge-email ku: careers@dubetradeport.co.za

Tel: +27 32 814 0000 | Fax: +27 32 814 0100 | Web: www.dubetradeport.co.za
Ihhovisi lethu: 29° South, 7 Umsinsi Junction, Dube City, La Mercy, KwaZulu-Natal, 4399

AMF 50719 EK
Emirates
dubé
agriHOUSE